



It starts with a story...

## Tell a tale!

When you hear someone say “fairy tale”, which stories do you think of? We all know some fairy tales, folktales, or *intsomi*. Whether they were home-grown here in Africa or come originally from Europe, these are the magical stories with strange, out-of-this-world characters like fairies, tokoloshes, giants, monsters, elves and witches that we love to hear and read.

Nobody knows exactly how long fairy tales have been around because they existed in their oral form long before any of them were written down, but they’ve definitely been with us for thousands of years. They’ve also moved around the world being told and reinterpreted in different ways depending on where they land!

The thing about great fairy tales is that they last! They can be told over and over again in different ways that make them relevant for new audiences. Ntombizanele Mahobe, one of the authors of the Xhosa version of *The Adventures of Pinocchio*, talks about what it was like retelling this well-known story, originally from Italy, in a South African setting: “We began by reading lots of different versions of the story. We wanted our version to stay true to the heart of the original story, but we also wanted South African children to be able to recognise familiar things and places in it. We thought hard about each of the characters and what they represented in the story, and then found South African equivalents for them.”

“Throughout time, people have learned from each other through stories,” explains Carole Bloch from Nal’ibali. “We need to take the great world stories and retell them in our own way for children here at the tip of Africa. Fairy tales have themes and lessons in them that are universal. When we retell them in an African setting, it is more likely that our children will connect with them.”

Every year on 26 February, the world celebrates the magic of fairy tales on Tell-a-fairy-tale Day. This Tell-a-fairy-tale Day, join Nal’ibali in reading a fairy tale and retelling one in your own way in your home!

## Xoxa inganekwane!

Uma uzwa umuntu ethi “inganekwane”, yiziphi izindaba ozicabangayo? Kukhona izinsumansumane, izinganeko, imizekeliso, nezinye. Akunandaba ukuthi ngabe zidabuka lapha e-Afrika yini noma ziqhamuka eYurophu, lezi yizindaba esithandayo ukuzizwa nokuzifunda ezinokusamlingo, ezinabalingiswa abangejwayelekile, abayisimanga abafana namaferi, otokoloshe, amazimuzimu, izinunu ezesabekayo, izidawane kanye nabathakathaki.

Akekho umuntu owaziyo ukuthi empeleni sekuyisikhathi esingakanani izinganekwane zikhona ngoba zazixoxwa ngomlomo ngaphambi kokuthi zibhalwe phansi, kodwa iqiniso ukuthi sezibe nathi zinkulungwane zeminyaka. Zizungeze umhlaba wonke futhi zixoxwa, zihunyushwe ngezindlela ezahlukene ngokuhambisana nalapho zifikela khona!

Into esiyaziyo ngezinganekwane ezimnandi ukuthi zihlala isikhathi eside! Zingaxoxwa futhi ngokuphindaphindwa ngezindlela ezahlukene ezizenza zizwakale kuzethameli ezintsha. UNtombizanele Mahobe, omunye wababhali bencwadi yesiXhosa ethi Izigigaba zikaPinocchio, ukhuluma ngokuthi kwakunjani ukuxoxa kabusha le ndaba eyaziwa kakhulu, engeyokudabuka e-Italy, ngesizinda esisha saseNingizimu Afrika: “Saqala ngokufunda izihumusho ezahlukene zendaba. Sasifuna ukuba indaba ehunyushwe yithi ibe nomongo wendaba yokuqala, kodwa futhi sasifuna nezingane zaseNingizimu Afrika ukuthi zibone izinto kanye ezindawo ezizaziyo nazo kuyo. Sacabanga sajala ngomlingiswa ngamunye kanye nokuthi umeleni endabeni, sase sithola abalingiswa baseNingizimu Afrika abazothatha indawo yabo.”

“Selokhu kwathi nhlo, abantu baye bafunde kwabanye ngezindaba,” kuchaza uCarole Bloch wakwaNal’ibali. “Sidinga ukuthatha izindaba ezimnandi zomhlaba bese sizixoxela kabusha ngendlela yethu izingane zethu ezizezansi ne-Afrika. Izinganekwane zinezindikimba kanye nezifundo kuzona ezithinta abantu emhlabeni jikelele. Uma sizixoxa kabusha esizindeni sase-Afrika, maningi amathuba okuthi izingane zethu ziziqonde kangcono.”

Minyaka yonke mhla zingama-26 kuNhlolanja, umhlaba ugubha umlingo wezinganekwane ngoSuku Lomhlaba Lokuxoxa Izinganekwane. Ngalolu Suku Lomhlaba Lokuxoxa Izinganekwane, hlanganyela noNal’ibali ekufundeni inganekwane noma ukuxoxa enye ngendlela yakho ekhaya lakini!



Drive your  
imagination

Story Power.  
Bring it home.  
Walethe ekhaya amandla endaba.





# Story stars



## Inspired to write

**Kiera-Lee Hayes is the author of *The Boerewors Man* on page 8 of this supplement – and she is only twelve years old! We visited Kiera-Lee at her home in Cape Town to find out more about her.**

### Where did you get the idea for *The Boerewors Man*?

I was inspired by last year's Short Story Day Africa Competition theme which was to rewrite a legend, myth or fairy tale.

### How long ago did you write it?

I was 10 years old when I wrote it. When I was 11, I wrote another story, *Mama Khali's Pap*, that Na'ibali is going to use for its radio programmes.

### Do you have any more stories that you want to write?

I have folders full of stories, screenplays, poems and novels! Some are finished, others still have to be completed. At the moment, my best friend and I are writing a story together. We were inspired by an outing to a historical monument in Cape Town.

### What kind of books do you like?

I have been hooked on books since I was 6 years old. I love reading all kinds of books: fantasy, adventures and mysteries, real-life stories and historical fiction. Whether I enjoy a story depends on the style of the writer. If the stories are funny, they are usually a big hit!

### Who is your favourite author?

C.S. Lewis! (He wrote the *Narnia* series.) When I was little, I loved all of Niki Daly's books!

### What would you like to do when you grow up?

I'd like to keep writing, but I also enjoy making and directing movies with my friends, so maybe there is something in that for my future.

### What advice would you give other children about reading?

Reading is one of the best ways to spark your imagination. It's increased my vocabulary and made school work a lot easier, especially English literature.



Kiera-Lee Hayes

# Abavelele ezindabeni



## Ukuba nogqozi lokubhala

**UKiera-Lee Hayes ungumbhali wendaba ethi *Indoda Yebhurevosi* esekhasini le-8 lalesi sithasiselo – kanti uneminyaka eyishumi nambili kuphela! Sivakashele uKiera-Lee ekhaya lakhe eKapa ukuze sithole kabanzi ngaye.**

### Uwuthole kuphi umqondo wokubhala indaba ethi *Indoda Yebhurevosi*?

Ngathola ugqozi endikimbeni yoMncintiswano Wosuku Lwendaba Emfashane E-Afrika, eyayithi bhala kabusha umzekeliso, inganeko noma enye nje inganekwane.

### Wayibhala kudala kangakanani?

Ngayibhala ngineminyaka eyi-10. Lapho sengineminyaka eyi-11, ngabhala enye indaba ethi, *Mama Khali's Pap*, ezosetshenziswa uNa'ibali ezinhlelweni zakhe zomsakazo.

### Ngabe usenazo ezinye izindaba ofuna ukuzibhala?

Nginamafolda agcwele izindaba, imidlalo kamabonakude, izinkondlo kanye namanoveli! Sengiziqedile ezinye, kanti kusamele ngiqedele ezinye. Okwamanje, mina nomngani wami omkhulu sibhala indaba ndawonye. Sakhuthazwa uhambo lwezomlando lokuya etsheni lesikhumbuzo eKapa.

### Uthanda izincwadi ezinjani?

Ngaqala ukuthanda izincwadi kusukela ngineminyaka eyisi-6 yobudala. Ngithanda zonke izinhlobo zezincwadi: izindaba okwenzeka kuzo okungenakwenzeka, izigigaba ezingejwayelekile nezimanga, izindaba ngempilo yangempela kanye nezindaba ezisuselwa emlandweni kodwa ezingewona amaqiniso. Ukuthokozela kwami indaba kuncika endleleni umbhali abhala ngayo. Uma izindaba zihlekisa, ngivamise ukuzithanda kakhulu!

### Ubani umbhali wakho omthandayo?

U-C.S. Lewis! (Wabhala izindaba eziwuchungechunge ezibizwa ngokuthi i-*Narnia series*.) Ngenkathi ngisemncane, ngangizithanda futhi nezincwadi zikaNiki Daly!

### Yini ongathanda ukuyenza uma usukhulile?

Ngingathanda ukuqhubeka nokubhala, kodwa futhi ngiyakuthokozela ukwenza amamuvi kanye nokuba umqondisi wawo nabangani bami, ngakho kungenzeka ukuthi kukhona okuthile okuyokwenzeka ngalokhu esikhathini esizayo.

### Yisiphi iseluleko ongasinika ezinye izingane mayelana nokufunda?

Ukufunda kungenye yezindlela zokokhela inhlanganiselo okucabangayo. Sekwandise amagama engiwaziyo futhi kwenza nomsebenzi wesikole walula kakhulu, ikakhulukazi mayelana nezincwadi zesiNgisi.




## Create your own cut-out-and-keep book


1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

## Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



“Cha, ngeke uyel Ngiyeza, ngizokudla ngikushwabadele! “kumemeza inunu.”  
 “Ngiyacele unganqidi, nkosi yami,” kuphendula iMpongo Encane Ezindondayo. “Ngiyacile futhi ngimathanjana nje. Ianda kancane uze ubone iMpongo Ephakathi Ezindondayo. Inkulu, futhi ikhuluphele kunami.”  
 “Kulungile-ke, hamba manje ngingaze ngigqule umqondo wami?” kumemeza inunu.



“Oh no you're not. I'm coming to gobble you up!” shouted the monster.  
 “Please don't eat me,” replied Little Billy Goat Gruff. “I'm much too skinny and bony for you. Wait until you see Middle Billy Goat Gruff. He's bigger and fatter than me.”  
 “Well, be off with you then, before I change my mind!” shouted the monster.

IMpongo Encane Ezindondayo yafika kugala ebhulohweni. *Qhwa, qhwa, qhwa!* kuphawaphwaza izinselo zeMpongo Encane Ezindondayo.  
 “Ubani oqhwapchwaza phezu kwebhuloho lami?” kumemeza inunu.  
 “Yimina nje,” kuphendula iMpongo Encane Ezindondayo ngesibindi, “futhi ngiya phezu egqumeni ukuyodla utshani obumanandi, obuluhlaza.”




Little Billy Goat reached the bridge first. *Click clack click clack!* went the hooves of Little Billy Goat Gruff. “Who's that click-clacking over my bridge?” shouted the monster.  
 “It's only me,” said Little Billy Goat Gruff in his bravest voice, “and I'm going up to the top of the koppie to eat the sweet, green grass.”

# The three Billy Goats Gruff

## Izimpongo Ezintathu Ezindondayo

Carole Bloch  
 Shayle Bester



We publish what we like

This is an adapted version of *The three Billy Goats Gruff*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in isiZulu, isiXhosa, English, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana and Xitsonga. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Funda indaba yokuqala, *Izimpongo Ezintathu Ezindondayo*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekheleni elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, isiSotho, isiTswana, isiTsonga, isiSwati, nesiPedi. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonkezilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazingezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011) 628 3200

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)





Fold

Kwalandela iMpongo Ephakathi Endondayo nayo izokweqa ibhuloho. *Qhwa, qhwa, qhwal* kughwaphwaza izinselo zeMpongo Ephakathi Endondayo.

“Ubani oqhwaphwaza phezu kwebhuloho lami?” kummeza inunu.

“Yina nje,” kuphendula iMpongo Ephakathi Endondayo ngesibindi, “futhi ngiya le phezu!” egqumeni ukuyodla utshani obumandi, obuluhlaza.”



Next it was Middle Billy Goat Gruff's turn to cross the bridge. *Click clack click clack!* went the hooves of Middle Billy Goat Gruff.

“Who's that click-clacking over my bridge?” roared the monster.

“It's only me,” said Middle Billy Goat Gruff. “And I'm going up to the top of the koppie to eat the sweet, green grass,” he said in his bravest voice.


Big Billy Goat Gruff stared hard at the bridge. “Then he took a deep breath and said in a big voice, “What's there to be scared of? It's just a silly old monster. Let's go!”

Kodwa ngelinye ilanga, kwabonakala kungasekho luho lokudliwa – kwakungekho ngisho nomfeca onezinhlamvu noma iya leli elilodwa. Izimpongo ezintathu zabheka igquma ngaphesheya kwebhuloho, zase ziconsa amathc.

“Ngilambile,” kukhononda iMpongo Encane Endondayo.

“Ngiyafa indala,” kukhononda iMpongo Ephakathi Endondayo.

Impongo Enkulu Endondayo yagqolozela ibhuloho. Yase idonsa umoya kakhulu yasho ngezwi elikhulu yathi, “Yini nje nge mpela esiyesabayo? Leyana yinunu endala echwensayo. Masihambeni!”



Once upon a time there were three Billy Goats who lived in the veld. The first one was called Little Billy Goat Gruff. The second one was called Middle Billy Goat Gruff, and the third one was called Big Billy Goat Gruff.

They didn't like their dry, flat veld home very much. It was so thorny and dusty that whatever they ate got stuck in their throats.

Kudalo, kwakukhona izimbuzi ezintathu ezindondayo ezazihlala endle. Eyokuqala yayibizwa ngokuthi yiMpongo Encane Endondayo. Eyesibili yayibizwa ngokuthi yiMpongo Ephakathi Endondayo. Eyesithathu kwakuthiwa yiMpongo Enkulu Endondayo.



Fold



Fold

But one day, there was nothing left to eat – not even a seed pod or a thorn. The Billy Goats gazed across the bridge at the koppie. Their mouths watered.

“I’m hungry,” moaned Little Billy Goat Gruff.  
 “I’m starving,” groaned Middle Billy Goat Gruff.

“Cha, ngeke. Ngizokudla ngikushwabadele!” kumemeza inunu.  
 “Ngiyacela ungangidi, nkosi yami,” kuphendula iMpongo Ephakathi Endondayo. “Ngizacile futhi ngimathanjana nje. Linda kancane uze ubone iMpongo Enkulu Endondayo. Inkulu, futhi ikhuluphele kunami.”  
 “Kulungile-ke, hamba manje ngingaze ngisiqule umqondo wami!” kumemeza inunu.



“Oh no you’re not! I’m coming to gobble you up,” roared the monster.  
 “Please don’t eat me,” replied Middle Billy Goat. “I’m much too skinny and bony for you. Wait until you see Big Billy Goat Gruff. He’s bigger and fatter than me.”  
 “Well, be off with you then, before I change my mind!” roared the greedy monster.



Zazingalithandi ikhaya  
 lazo elalisethafeni elomile.  
 Laligcwele ameva nothuli,  
 kuthi noma zidla ukudla,  
 kuvele kunamathele  
 emphinjeni, kungehli.

And from that day on, the three Billy Goats Gruff had a new home on the koppie, where they grew fat on the sweet, green grass.

Kusukela ngalelo langa izimpongo ezintathu ezindondayo zaba nekhaya elisha egqumeni, lapho ezakhuluphaliswa khona utshani obumnandi, obuluhlaza.



Fold

Ngaphesheya kwebhuloho kwakukhona igquma elalimbozwe utshani obumandi, obuluhlaza. Kodwa ngaphansi kwalelo bhuloho kwakuhlala inunu endala, eyesabekayo. Amehlo ayo ayefana nezigaxa zikamango ovuthiwe kanti ikhala layo lalivuvukele lifana nekhaba. Uma ilambile yayishayayisa izindebe zomlomo ikhiphe umsinde ofana nokugandula kombani udabula isibhakabhaka, kanti isisu sayo esikhulu sasikhala njengokuduma kwezulu. Yayimemeza kakhulu ithi, “Uma nje kukhona okuke kweqa leli bhuloho lami, ngizovale ngikudle, ngikushwabadele.”

Yingakho izimpongo ezintathu ezindondayo zazingakaze zilivakashale nje igquma elinotshani obumandi, obuluhlaza.

Across a bridge was a koppie covered with sweet, green grass. But under that bridge lived a fierce, old monster. His eyes gleamed like ripe mangoes and his nose was swollen up like a watermelon. When he was hungry he'd smack his lips together so hard that it would sound just like lightning cracking across the sky, and his huge belly would rumble like thunder. Then he'd shout, "If anyone dares to cross my bridge, I'll gobble them up!"

No wonder the three Billy Goats Gruff had never visited the koppie with its sweet, green grass.



Just then Big Billy Goat Gruff arrived at the bridge. *Click click click* went the hooves of Big Billy Goat Gruff. The Billy Goat was so heavy that the bridge creaked and groaned under him.

“Who’s that click-clacking over my bridge?” bellowed the monster.

Kusenjalo kwafika iMpongo Enkulu Endondayo ebhulohweni. *Qhwa qhwa qhwa!* kuqhwaqhwa zizinselo zeMpongo Enkulu Endondayo. IMpongo Enkulu Endondayo yayisinda kangangokuba ibhuloho laze laklekezela ngaphansi kwayo.

“Ubani oqhwaqhwaza phezu kwebhuloho lami?” kumemeza inunu.



“It is I. Big Billy Goat Gruff,” boomed Big Billy Goat Gruff in his loudest voice.

“I’ve waited long enough,” bellowed the monster, rising up from under the bridge. “I’m coming to gobble you up right now!”

“Oh no you’re not!” boomed Big Billy Goat Gruff. He put his head down and charged at the monster with his sharp horns.

“*Einaaaa!*” shrieked the monster as he was tossed into the sky. He disappeared out of sight and was never seen again.

“IMpongo Enkulu Endondayo,” kusho IMpongo Enkulu Endondayo ngezwi elikhulu.

“Kade ngikulindle, “ kusho inunu ivumbuka ngaphansi kwebhuloho. “Ngijeza manje ngizokudla ngikushwabadele!”


“Cha, ngeke ukubone lokho!” kundonda iMpongo Enkulu Endondayo. Yahloma ikhanda layo phansi yazilungiselela ukuhlaba inunu ngezimpondo zayo ezicijile.

“Maye babo!” kuzikhalela inunu isindiza emoyeni. Yanyamalala ngalelo langa yangaphinde ibonwe futhi.



## Get story active!

After you and your children have read *The three Billy Goats Gruff*, you might like to try out some of these ideas. Choose ones that best suit your children's ages and interests.



- ★ Discuss the story together. Let your children talk about the parts of the story they liked the most and the least. Encourage them to give reasons for their opinions. Here are some other open-ended questions you could talk about together.
  - The monster could easily have eaten the smallest or the middle-sized goats, but he chose to wait for the biggest one. Why do you think he did this? How would the story have been different if he had eaten the smallest or middle-sized goat?
  - How do you think the goats knew that there was a monster living under the bridge?
  - Do you think the goats were brave or silly to cross the bridge? What would you have done?
- ★ Encourage younger children to draw pictures of a scary monster. They could even make up a name for their monster.
- ★ Play a game with older children. Ask them to describe a monster while you draw what they describe. Then swap roles and let them draw a monster you describe.
- ★ Let your children make a scene of the bridge using simple materials like clay, cardboard boxes and/or sticks. Try to collect differently coloured grass or paper to represent the dry, brown grass and the sweet, green grass on either side of the bridge. Help them to make puppets of the Billy Goats Gruff and the monster. They can use the insides of toilet rolls, sticks, matchsticks and/or paper to make their puppets. Now have fun retelling the story using all of the objects you have made together.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde indaba ethi *Izimpongo Ezintathu Ezindondayo*, kungenzeka nithande ukuzama amanye alawa macebo. Khethe lawo ahambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa izingane zakho.

- ★ Dingidani indaba ndawonye. Vumela izingane zakho ukuthi zixoxe ngezinye izingxenye zendaba ezizithande kakhulu kanye nalezo ezizithande kancane. Zikhuthaze ukuthi zinikeze izizathu zemibono yazo. Nansi eminye yemibuzo engenampendulo eyodwa eningayibuza ndawonye.
  - Inunu kwakungenzeka idle kalula imbuzi encane noma ephakathi nendawo, kodwa yakhethe ukulinda enkulu kunazo zonke. Ucabanga ukuthi yakwenzelani lokhu? Ngabe yehluka kanjani indaba ukuba inunu beyidle imbuzi encane kunazo zonke noma ephakathi nendawo?
  - Ngabe ucabanga ukuthi izimbuzi zakwazi kanjani ukuthi kukhona inunu ehlala ngaphansi kwebhuloho?
  - Ngabe ucabanga ukuthi izimbuzi zazinesibindi noma zabe ziyizwula ngokuwela ibhuloho? Wena wawuzokwenzenjani?
- ★ Khuthaza izingane ezincane ukuthi zidwebe izithombe zenunu eyesabekayo. Zingaqamba nenunu yazo igama.
- ★ Dlala umdlalo nezingane ezindadlana. Zicele ukuthi zichaze inunu nokuthi zidwebe lokho ezikuchazayo. Bese nishintshana ngezindawo enizidlalayo, uzivumele ukuthi zidwebe inunu oyichazayo.
- ★ Vumela izingane zakho ukuthi zenze isizinda sebhuloho zisebenzisa izinsiza ezejwayekile ezifana nobumba, amabhokisi amakhadibhodi kanye, noma nezinduku. Zama ukuqoqa utshani obunemibala eyehlukene, noma amaphepha, ukuze uzame ukukhombisa utshani obomile, obunsundu kanye notshani obumnandi, obuluhlaza ngapha nangaphesheya kwebhuloho. Zisize ukuthi zenze amaphaphethi eZimpongo Ezintathu Ezindondayo kanye nenunu. Zingasebenzisa ingaphakathi lephepha lasendlini yangasese, izinduku, izinti zikamentshisi kanye, noma nephepha ukuze zenze amaphaphethi. Manje-ke zithokoziseni ngokuxoxa indaba kabusha ngokusebenzisa zonke izinto enizenze ndawonye.

## In your next Nal'ibali supplement:

- Join us as we celebrate World Read Aloud Day
- Enjoy a special World Read Aloud Day story by famous author and storyteller, Gcina Mhlophe
- Get your World Read Aloud Day 2015 badge
- The final part of the Story Corner story, *The Boerewors Man*

Did you know that Nal'ibali supplements come in a range of South African languages? Visit the "Supplements" section at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) to download the supplement in English-isiXhosa, English-isiZulu, English-Sesotho and English-Afrikaans.

Find us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sithole ku-Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)



## Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Hlanganyela ngesikhathi sigubha Usuku Lokufunda Kakhulu Lomhlaba Wonke
- Thokozela indaba ekhethekile yoSuku Lokufunda Kakhulu Lomhlaba Wonke yombhali kanye nomxoxi wezindaba odumile, uGcina Mhlophe
- Thola ibheji lakho lowezi-2015 loSuku Lokufunda Kakhulu Lomhlaba Wonke
- Ingxenye yokugcina yendaba yeKhona Lezindaba ethi, *Indoda Yebhurevosi*

Ngabe bewazi ukuthi izithasiselo zakwaNal'ibali zitholakala ngezilimi eziningi ezahlukene zaseNingizimu Afrika? Vakashela isigaba esithi "Supplements" ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuze uthwebule isithasiselo ngesiNgisi-isiXhosa, IsiNgisi-isiZulu, IsiNgisi-isiSesotho nesiNgisi-isiBhunu.

## Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



## UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.



The Children's Literacy Charter is a guide for adults to ensure our children get the best literacy experiences possible. Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) to read all 11 literacy rights!

## Story corner

Here is the traditional story, *The Gingerbread Man*, retold in a South African setting. Enjoy it!

### The Boerewors Man (Part 1) Retold by Kiera-Lee Hayes

It was early evening. The Smith family were sitting outside enjoying the smell of boerewors on the braai.

"Dad! Please hurry up!" Hayley moaned. "I'm soooo hungry!"

"Here you go!" her father said a little while later as he handed Hayley two pieces of boerewors sausage twisted together. It looked just like a little man.

"A boerewors man!" said her mother and laughed.

Hayley opened her mouth to take a big bite.

"No!" cried a deep voice. "You can't eat me!"

Hayley jumped up and let go of the Boerewors Man.

"You ... you can talk!" she stuttered.

"Of course I can talk!" The little man got up and brushed himself off. "And you can't eat me!"

"But I'm starving!" Hayley complained.

The Boerewors Man took one look at all the people sitting outside, then he ran across the yard and squeezed under the gate!

"Catch him!" shouted Hayley.

The Smith family followed Hayley out the gate and ran down the road after the Boerewors Man. They passed another family out walking their dog.

"Where are you going?" asked the father.

"We're trying to catch the Boerewors Man! Help us!" said Hayley.

So, the Smiths and the other family and their dog all ran down the road trying to keep the little man in sight.

As they turned into the next road, they met a fruit seller wearing a blue-patterned doek that covered her pink, plastic curlers. Hayley shouted to her to help them and the fruit seller joined the party chasing the Boerewors Man. Just then the Boerewors Man began to sing:

*"They'll never catch me,  
No matter how they try,  
I'm too fast for them  
As I run by!"*

"Hiip! Hiip!" The fruit seller nearly jumped out of her skin as a shaggy brown pony that was pulling a rickety cart came trotting up behind her.

"We're after that Boerewors Man," she explained to the cart driver.

"You can ride with us in the cart," he offered.

Next a taxi pulled up on the corner. A dozen people poured out and the driver shouted out the window, "Peninsula Road! Come, come, let's go!"

Hayley turned round to everyone following her and shouted, "Hurry! Look – a taxi!"

**Get your supplement next week to find out if the Smith family will ever catch the Boerewors Man!**

## Ikhona lezindaba

Nansi indaba eyinganekwane ethi, Indoda Eyiqebelengwana Lejinja (*The Gingerbread Man*), exoxwa kabusha esizindeni saseNingizimu Afrika. Yithokozele!

### Indoda Yebhurevosi (Ingxenye yoku-1) Ixoxwa kabusha uKiera-Lee Hayes

Kwakusanda kuhlwa nje. Umndeni wakwaSmith wawuhleli ngaphandle uthokozela ukunuka *kwebhurevosi* eyoswayo.

"Baba! Ngicela usheshise!" kububula uHayley. "Angiseve ngilambi-i-i-le!"

"Thatha-ke!" kusho ubaba wakhe emva kwesikhashana lapho enikeza uHayley amasosishi amabili *ebhurevosi* asonteki anamathelana. Ayebukeka efana nse nendoda encane.

"Indoda *yebhurevosi*!" kusho unina, wase ehleka.

UHayley wavula umlomo wakhe ukuze alume kakhulu.

"Ungalokothi!" kukhala izwi elikhulu. "Awukwazi ukungidla!"

UHayley wagxuma wase eyiyeka iNdoda *Yebhurevosi*.

"Hhayi bo ... kanti uyakwazi ukukhuluma!" kungingiza yena.

"Impela ngiyakwazi ukukhuluma!" Indoda encane yasukuma yase izithintitha. "Wena awukwazi ukungidla!"

"Kodwa sengifile yindlala!" kukhononda uHayley.

Indoda *Yebhurevosi* yababuka kanye abantu abahleli ngaphandle, yase igijima inqamula igceke yashuma ngaphansi kwesango!

"Yibambeni!" kumemeza uHayley.

Umndeni wakwaSmith walandela uHayley ukuyophuma ngesango, bonke base begijima behla ngomgwaqo belandela iNdoda *Yebhurevosi*. Bedlula omunye umndeni oqhubainja yawo.

"Niyaphi?" kubuza ubaba.

"Sizama ukubamba iNdoda *Yebhurevosi*! Sisizeni!" kusho uHayley.

Ngakho umndeni wakwaSmith kanye nalo omunye umndeni nenja yawo bagijima behla ngomgwaqo bezama ukubamba indoda encane.

Lapho bengena emgwaqweni olandelayo, bahlangana nothengisa izithelo egqoke iduku eliluhlaza okwesibhakabhaka elinamaphethini elimboze amakhela (*curlers*) elastiki ephinki. UHayley wammemeza emcela ukuthi abasize, kanti nothengisa izithelo wahlanganyela nabo ekujaheni iNdoda *Yebhurevosi*. Kusenjalo iNdoda *Yebhurevosi* yaqala ukucula:

*"Angeke banginuke,  
Noma bangazama kangakanani,  
Ngigijima kakhulu kunabo bonke  
Njengoba ngigijima!"*

"Yehheni!" Othengisa izithelo wacishe wagxuma waphuma esethuke kakhulu lapho kuqhamuka iponi elimahlilikhli lidonsa inqola egexezelayo, liquqha emva kwakhe.

"Sijaha leya Ndoda *Yebhurevosi*," echazela oqhuba inqola.

"Ningahamba nathi ngekalishi," kuzinikela yena.

Kusenjalo kwama itekisi ekhoni. Kwaphuma abantu abayidazini umshayeli wetekisi wayesememeza ngefasitela ethi, "Peninsula Road! Wozani, wozani, asihambeni!"

UHayley waphendukela kuwo wonke umuntu omlandelayo wamemeza ethi, "Sheshani! Bhekani - nansi itekisi!"

**Thola isithasiselo sakho ngesonto elizayo ukuze uzwe ukuthi ngabe umndeni wakwaSmith uyoze ukwazi yini ukubamba iNdoda *Yebhurevosi*!**



Illustration by Vian Oelofsen  
Umdwebo nguVian Oelofsen